# *UKULINDELA*

Ngiyabonga kakhulu, mfowethu, futhi ngiyajabula ukuba lapha. Kwangathi iNkosi ingakubusisa. Ningahlala phansi manje futhi sizo . . .

2 Impela ngibe nenhlanhla enkulu kulokhu ukusa ukuma epulpiti eTucson okokuqala ngqa empilweni. Bengicabanga, njengoba ngiza ngale kulokhu ukusa, ukuthi kanjani amadolobha amaningi emhlabeni jikelele ukuthi iNkosi inginike inhlanhla yokuvakasha, nokukhuluma namabandla, futhi kulokhu ukusa kungokokuqala ngqa lapha eMelika ukuba ngike ngibe kulelidolobha elikhulu elihle.

3 Selokhu sibe lapha sifunde ukuthanda abantu bakhona ne—nesimo sakho sendawo, isimo sezulu sakho esihle, izintaba ezinhle, izingwadule. Kukhona okuthize ngakho, bekungangenza ngilangazelele ukuhlala lapha. Kuthule du. Kade sisogwadule izolo siqalaza, futhi nje kubonakala sengathi lapho uphandle lapho uNkulunkulu uyakhuluma.

4 Akukho lutho olujahayo, abayi ndawo, abaxhuxhumi nganoma yini, ngakho bathule nje futhi baziphumulele. Nalokho kubonakala kufana kakhulu impela nabantu babo engihlangana nabo lapha: bekhululekile. Akukho kujaha, asijahile ukwenza noma yini, futhi leyo yindawo enhle yomfundisi onokwethuka, ukuze ehlise umoya. Akukho kujaha. Ukuphila kunokukhulu “ukuwalazela nokukhwishizela,” njengoba sikubiza kanjalo, “ukugijima emuva naphambili,” futhi sizofanele sikwenze *lokhu* emizuzwini embalwa, na*lokhu*, futhi nje isikhathi esingaka. Kubonakala sengathi lapho uza lapha, “Awu, yini ukuphuthuma na?” Futhi ngiyakuthanda lokho.

5 Futhi manje, ungafunda enye into ogwadule engicabanga ukuthi kuzothi ukusikhokhela ukuba siyibheke: lezo zinalithi zomdolofiya. Ngenkathi ngi . . . Niyazibona lezozinalithi, futhi angikholwa ukuthi bekungabakhona umshini ongalola eyodwa ebukhali kanjalo. Indodana yami ibingathi “amen” kulokho, ngoba sidingeke sizikhiphe kuyo usuku lonke izolo. Futhi manje, uma lowomdolofiya omncane ubu—ubusezweni lakithi, ubuyosombuluka futhi ube yiqabunga elihle elithambile, ngoba okuyikho, yiqabunga eligoqiwe. Nemvelo yalilola ngaleyondlela. Yileyondlela ozivikela ngayo. Kungahle kube kuhle kithi ukucabanga ngalokho umzuzwana nje.

6 Manje, beka amanzi kulolugwadule bese uwashiya lapha iminyaka eminingana, lowomdolofiya ubungamila namaqabunga kuwo, ubungathamba. Futhi yileyondlela amabandla athola ngayo ngesinye isikhathi lapho sigijima ngaphandle kwamanzi kamoya. Siyagoqana siqine ngempela

futhi sinamathelane. Kodwa faka amanzi kuwo, uyathamba, futhi uyagobeka, futhi ngicabanga ukuthi yingakho sinamabandla, yilapho esingaba khona namanzi kamoya asigcina sinomoya omuhle futhi sithambile ukuze uNkulunkulu akwazi ukusisebenzisa; futhi sigobeke futhi singanamathelene, kodwa nje silale sithambile futhi kamnandi phezu kwehlombe lomunye umfo, futhi ngamunye wethu sithwalelana imithwalo futhi kanjalo sigcwalisa umthetho kaKristu.

7 Ngihlangane nomelusi wenu omncane, futhi bekuyisikhathi sami sokuqala empilweni ukuhlangana naye, nomfo omncane omuhle kangako. Ngiyabonga ukuthi unalelibandla elimangalisayo lapha nalenhlangano yebandla. Bese kuthi-ke umngani wami olungileyo, omunye wamalunga enu lapha uMfowethu Norman, uDadewethu Norman o... ngangingabagogobeleyo nani, kodwa manje sebethathe indawo yokuhlala, ngiyacabanga, ukuba bahlale. Angibasoli. Futhi wangitshela, "Ukwakha lelibandla," wathi, "ngenkathi ngishayele phansi isitebhisi sokugcina, isipikili phakathi lapho," wathi, "Ngathi, 'O Nkulunkulu, makuthi umngane wami, uMfowethu Branham, ahambe phezu kwalesisitebhisi ngolunye usuku ukuba akhulume nebandla.'" Futhi ubemi emuva lapho ekhala ngakho emizuzwaneni embalwa edlule, ukuthi uNkulunkulu wayewuphendule kanjani umkhuleko wakhe.

8 Futhi ngi—ngijabula kakhulu ngenhlanhla yokuba lapha. Ngine...Ningabantu...Ngahlangana, into kuphela engiyaziyo ukumbiza nguMfowethu Tony, angikwazanga ukubiza lelogama lesiNtaliyane. Futhi ngakho ngahlangana naye, futhi uyindoda ekahle. Futhi enye indoda, ngikholwa ukuthi bayibiza ngo-Otto—Otto, Otto—Otto, into efana naleyo. Angikahle kakhulu kulawa, ukubiza amagama. A-hha.

9 Futhi besinenkomfa yamazwe ngamazwe izolo. Bekukhona umJalimane lapho, nomNtaliyane, nabanye, futhi—futhi ngangilapho njengomIrishi. Ngakho ngithe, "Lena yinkomfa yamazwe ngamazwe." Abaningi babafana, abanye babo babekade bepesheya kwezilwandle futhi belwa nezizwe, kanjalonjalo, nezizwe ezehlukene. Kodwa uma bonke bebengazizwa njengoba senzile izolo simi ogwadule, bekungeke kusabakhona impi; besiyoba ngabazalwane. UKristu uyiMpendulo.

10 Ngibuka phezu kwalesisigodi esihle nezintaba ezizungezile, eziphakeme, ngiyakuthanda. Bengihlezi lapho phezulu kakhulu, ngibuka phansi phezu kwe...lelidolobha elikhulu futhi ngacabanga, "Bangaki abahlwayi ezinsukwini ezedlulayo odlule phezu kwalomhlabathi futhi wabhubha khona lapha ogwadule, efuna imayini yegolide na?" Futhi lezozinsuku sezithi azidlule nje manje, kodwa sibonga uNkulunkulu ngokuthi siyitholile imayini yegolide. Awulimbi liphume emagqumeni

akho lapha; likhipha esibhakabhakeni. Futhi manje, namhlanje asisahlwayi nhlobo, kodwa si "sola" uNkulunkulu ukugcwalisa zonke izithembiso Ake azenza, futhi athululele phezu kwethu izibusiso zaKhe ezichichimayo.

11 Futhi Uhlala enguNkulunkulu, nenhliziyo yaKhe ishisekele ukusinika esikucelayo, njengoba sizokucela, nangaphezulu kanjalo: ngoba "Walithanda izwe kangaka, Waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa; ukuba yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kodwa abe nokuPhila okuPhakade." Futhi uma Wasithanda ngenkathi siseyizoni, sihlukanisiwe naYe, umphakathi ozimele kaNkulunkulu, Uzimisele kakhulu kangakanani kulokhu ukusa ukusinika ngokuchichima ngokweqile ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange.

12 Futhi singena edolobheni ukuzovakasha. Siyahamba kusasa manje siya eCalifornia, siqhubekele phezulu engxenyeni engasenyakatho, nezingxenye ezehlukene zezwe. Kodwa ngempela kuyinhlanhla enkulu kimi ukuma lapha kulokhu ukusa kulelibandla elithandekayo, i-Assemblies of God. Kade bengabanye babaxhasi bami abakhulu, umhlaba wonke. Abantu abakahle bangabalenhlangano, abefundisi abakahle, abantu nje abangafundele lutho. Ngicabanga ukuthi bonke abantu bakaNkulunkulu ukahle; nomaphi lapho ubathola khona, bangabantu abakahle.

13 Futhi ngiyisithunywa senkolo futhi ngihamba kakhulu, cishe kasikhombisa emhlabeni jikelele, ngithola ukuthi uMoya oNgcwele. . . Ungena, njengokuthi, eThailand, eJapani, eNingizimu Afrika, emuva phezulu kumaHottentot, nalezozindawo lapho, ukuthi abesilisa nabesifazane beza ebandleni bengagqokile nakancane izingubo, ngoba abazi kwehluka. Amashumi ezinkulungwane zawo alale ndawonye. Uma u—uma ubungakhuluma ulwimi lwabo, uthi, "Yisiphi isandla sokunene, nesokunxele na?" bebengeke bazi ukuthi ubukhuluma ngani. Konke abakwaziyo ngukubulala lokho abangakwazi ukuba bakudle; uma bengenakukwenza. . . noma ngayiphi indlela uthola okuthile okudliwayo; kungokokuphila, njengoba nje isilwane besingenza.

14 Kodwa yinye into ebenza babe yithina. Uma ebandleni elinjalo futhi makuthi uMoya oNgcwele wehlele phezu kwabo, benza into efanayo oyenzayo lapho wemukela uMoya oNgcwele, benza ngendlela efanayo. Kuyakhombisa ukuthi uNkulunkulu akabheki buso bamuntu noma isizwe. Njengoba iZenzo 4 zisho, ukuthi uPetru wathi wabona ukuthi uNkulunkulu wayengabheki-sizwe, kodwa bonke abaMesabayo. Futhi ngakho sinokuthile esihlanganyela kukho: lowo nguJesu Kristu.

15 Ngishayele umkami ucingo esikhashaneni esedlule futhi sekuthi akube nguziro phezulu lapho; futhi ngisho nezikole

zivalwe yiqhwa, konke kungaphansi kweqhwa, futhi yimigwaqo eshelela kakhulu. Uma noma ubani evela eMpumalanga, kungcono ujabule ukuthi uphandle lapha eNtshonalanga manje, ngoba kubanda kakhulu. Ngakho-ke besingeke sibe nezinto esihlanganyela kuzo nezwe lakithi nalelizwe, kodwa sinakho noNkulunkulu wami noNkulunkulu wakho, ngoba KunguNkulunkulu ofanayo.

16 Ngiza kulokhu ukusa ukuthi nje ukwethula inkonzo iNkosi uJesu engivumele ukuba ngiyenze emhlabeni jikelele. Futhi ngicabangile, kulokhu ukusa kuSonto sikole, kuyonika abantu i—ithuba ebengingabachazela ngalo, njengoba silapha nje ubusuku obubodwa, ukuthi kanjani, kubo bangahle bemukele uKristu ngokuphulukiswa komzimba wabo. Nezinto ezincane eziyinqaba, okokuqala ngilapha, into ethize ingahle ibonakale ixakile kancane kuwe. "Bakwenzeleni ngalendlela na? Abakwenzanga ngani ngalena enye indlela na?" Ngingahle ngikuchaze lokho.

17 Manje, ngokwejwayelekile lapho singena edolobheni lapho sinomhlangano omkhulu, ngani, si—sicela ukubambisana nokuzibandakanya kwawo onke amabandla ukuba ahlangane ndawonye, ukuze uKristu angehlukaniswa phakathi kwethu; UnguKristu ofanayo phakathi kwethu sonke. Futhi sizama ukuthola onke amahlelo, iMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, iChurch of God, iHoliness, nawo onke, ndawonye. Bese-ke sihlala ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, ngokulindela ukuthi uNkulunkulu uzothululela uMoya waKhe phezu kwethu futhi enze "ngokuchichimayo ngokwedlulele." Manje, bese kuthi-ke lapho senza lokho . . .

18 Bengihlala njalo ngenza lesisitatimende: ngi . . . Wonke umuntu uyazi ukuthi ngangiyiMissionary Baptisti, futhi ngiyiMissionary Baptisti eyemukela uMoya oNgcwele. Ngakho-ke kulokho, angikholwa ukuthi iPhentekoste liyinhlangano. Ngikholwa ukuthi iPhentekoste yisehlakalo sokuthi noma ubani othandayo angeza futhi amukele. Asikwazi ukudweba uthango ukuluzungeza, ngoba akusilo, lisabalele ngale kwezintango zethu, niyabo.

19 Ngakho ngikholwa ukuthi umuntu usindisiwe (uma eyiMethodisti, iBaptisti, iKatolika, kumbe noma angaba yini) uma ethembela ngesizotha uJesu Kristu ngomusa waKhe. Kodwa uma eyiKatolika futhi ekholwa ukuthi ibandla liyamsindisa, khona-ke ulahlekile. Uma eyiPentecost futhi ekholwa ukuthi ibandla liyamsindisa, ulahlekile. Kodwa akunandaba ukuthi uyini, ukuthi uya kuliphi ibandla, uma ethembele ngesizotha eGazini nasezimfanelweni zikaJesu Kristu, usindisiwe, angikhathali ukuthi ukuliphi ibandla. Ngokuba sisindiswa ngokukholwa, lokho ngomusa.

20 Ngangivame ukwelusa izinkomo, ngiziqhubele enhla

ekuqoqweni eColorado naphezu kwe—kweTroublesome River Valley, iHereford Association idlisa kulesosigodi. Ngicabanga ukuthi njengoba ninemithetho efanayo lapha, nokuthola u—uphawu, kubhalwe iChamber of Commerce kanjalonjalo. Futhi uma ungakhulisa ithani lefolishi epulazini lakho, awu, khona-ke ungathumela izinkomo zakho zingene nge, inkomazi eyodwa ngethani lefolishi iplazi lemfuyo lizokhiqiza, okwamalungelo okudlisa ehlathini.

21 Banothango olukhulu lokushushumbisa lapho sikhuphuka khona iTroublesome River, iWest Fork, i-East Fork, yaseTroublesome River. Futhi izikhathi eziningi ngihlale lapho ekuseni ekuqoqeni entwasahlobo, ngithumela izinkomo phezulu, ngibeke umlenze wami ophondweni lwesihlalo sehhashi, futhi ngibhekisisa umqaphi eme lapho, ebuka lezozinkomo zedlula. Ngolunye usuku ngihlezi lapho, ngacabanga, "Yilendlela okuyoba ngayo eZulwini lapho sifika esangweni elikhulu."

22 Futhi ngaqaphela kudlula lapho, kwakukhona cishe izinhlobo eziyishumi nanhlanu noma eziyishumi nesithupha ezehlukene zezinkomo ezingena lapho. Ezinye zazo yiDiamond Bar, lowo nguMnu. Grimes enhla eplazini lemfuyo; uMnu. Jeverez, iTurkey Track; ne—nezimpawu ezehlukene. Umqaphi wayengalunaki uphawu kangako. Wayengakunaki lokho; kodwa wayebheke icici elichaza uhlobo lwegazi endlebeni, ngoba ungeke wabeka inkomazi kulelodlelo ngaphandle uma kuyiHereford yohlobo. Futhi yilokho abafuna ukukuqonda, ukuthi zingezohlobo, zazifanele zibe nokuhlolwa kwegazi.

23 Ngacabanga, "Yilokho impela okuyoba yikho ngoSuku lokwaHlulelwa. Angeke aqaphele ukuthi hlobo luni lophawu engilufakile, noma ngabe ngiyiBaptisti noma iPentecostal noma iPresbyterian, kodwa Uyoqaphela iGazi, icici elichaza uhlobo lweGazi. 'Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kini.'" Singena ngalokho esiyikho; hhayi ukuthi singobani.

24 Manje, lapho sehlela enkonzweni kulobubusuku, ukuthi iqala ngasiphi isikhathi inkonzo, Mfundisi ohloniphekile . . .? . . . Ikota kushaye elesishiyagalombili, bese-ke cishe ligamenxe elesithupha, ngiyacabanga, phakathi kwelesithupha nelesithupha ligamenxe ngizoba nabanye babo behle ukunikeza amakhadi omkhuleko kubantu, kancanyana ngaphambi kwaleyonkonzo, ukuze bangezukugxambukela enkonzweni lapho isiqala. Futhi makuthi abantu abagulayo bakhuphukele lapha ngaphambili ukuze ngibe seduze nabo. Bese kuthi-ke kuzoba nekhadi lomkhuleko; umfana uzokwehla futhi alethe amakhadi amaningi kakhulu, futhi awaxube onke phezulu lapha phambi kwenu, bese-ke nje enikeza ngamunye ikhadi lomkhuleko (Niyabo?) olifunayo. Ngamunye ufuna ikhadi lomkhuleko, ungaba nalo.

25 Ngakho-ke, isizathu sokuba sikwenze ngaleyondlela... Kwakuvamise ukuthi sasithumela emhlanganweni ukuze... Umelusi ngamunye owayebambisana, sasimthumelela amakhadi ayikhulu ebandla lakhe. Awu, owokuqala wangenisa iqembu lakhe, lokho kwakuxazulula. Bonke abanye abazange bangene, ngoba, mhlawumbe ngokuba lapho cishe nje ubusuku obuthathu, angikwazanga ukuthola abantu abaningi kangako emugqeni. Sase-ke sithola ukuthi lokho kwakungeke kusebenze.

26 Ngakho manje-ke, ngathola okunye...umfundisi ukuba ahambe nami ukuba akhiphe amakhadi omkhuleko, futhi waye...engowenhlangano; futhi ngenkathi engakhombisi umusa omncane enhlanganweni yakhe uqobo, awu, khona-ke lokho kwaba nokukhubeka kalula.

27 Ngakho manje-ke, ngivame ukubiza abantu abayishumi noma abayishumi nanhlanu emsamo ukuqala ngabo. Awu, uma babengenalo ikhadi lomkhuleko lokuqala kuze kufike eshumini nanhlanu, ngani, bebeyovele nje balilahle phansi. Babengalifuni, ngoba babengeke babizwe. Ngakho sathola ukuthi lokho kwakungeke kusebenze.

Ngase-ke ngithatha umntwana, njengomunye walabo bafana abancane, futhi ngiyothi, "Yenyukela lapha, ndodana, noma ntombazanyana, njengokuthi, ehlezi ethangeni likamama."

Bengiyothi, "Ungabala na?"

"Yebo, mnumzane."

"Khona-ke qala ukubala."

Awu, wayeyoqala, "khululeka, isine, isihlanu, isithupha," kuze kufike noma yikuphi lapho ayema khona; bengiyoqala khona lapho.

28 Awu, kholwa noma qha, sisenazo izidalwa ezingabantu; umama wazi ukuthi uzomtshela kuphi uJunior ukuba ame athathe ikhadi lakhe. Ngakho sathola ukuthi lokho kwakungeke kusebenze.

29 Ngakho manje-ke, khona-ke sinendoda emgqeni womkhuleko, noma phezulu ngesinye isikhathi, ithengisa amakhadi omkhuleko ukuthola abantu ukuba babe ngabokuqala emsamo. Ngakho lokho bekungeke kusebenze.

30 Ngakho ngobunye ubusuku iNkosi yembula kimi ukuba ngidedele indoda yehle izokhipha amakhadi omkhuleko, futhi ime phambi kwezethameli futhi iwaxubanise wonke. Khona-ke lona angahle athole elokuqala, lona elamashumi amathathu nanhlanu, nalowo elamashumi ayisithupha nambili, nolandelayo kulo. Onke ayoxubaniswa. Futhi khona-ke lokho bekuzokhombisa ukuthi indoda ebikhipha ikhadi lomkhuleko bekungesiyo ewabeke phezulu lapha, ngoba ibingazi. Onke abexovekile.

31 Khona-ke, nokho, lapho ngehlela emhlanganweni, awu, ngezinye izikhathi ngiyoqala kwelokuqala, ngesinye isikhathi emashumini amabili-nanhlanu namashumi amahlanu. Ngezinye izikhathi ngiyothatha abangaki obehlezi kulesisihlalo (kimina uqobo, ngenkathi ngisakhuluma), bese-ke ngikuphindaphinda ngalokhu ngakuloluhlangothi, futhi, o, noma ngayiphi indlela. Ngaleyondlela kushiya ukuzibusa kulo lonke ibandla. Futhi empeleni, kukhona cishe abangamashumi amahlanu nanye abaphulukisiwe ezethamelini ophulukiswe emsamo.

32 Umlayezo awusikho ukuzama ukuphulukisa umuntu othize, ngoba ukuphulukisa kuyinto esivele ithengiwe. Insindiso isithengiwe. Awuzange nje usindiswe ngeviki eledlule, noma ngonyaka odlule, noma eminyakeni emihlanu edlule; wasindiswa ngenkathi uJesu efela wena eKalvari. Leyo kwakuyinsindiso yakho; futhi manje, usanda kukwemukela emavikini amabili edlule, noma eminyakeni emibili edlule, noma ngabe bekuyini. Futhi yileyondlela okwakungayo, waphulukiswa: Thina... "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo si," inkathi edlule, "phulukisiwe." Ngakho kuphela ukuthola abantu ukuba babone, ukuqonda, ukuthi uBukhona bukaKristu busondele. Yilokho okuletha imiphumela yezinkulungwane zabantu bephulukisiwe.

Manje, ngaphambi nje kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqambi, kuqala, ngezwi elincane lomkhuleko sisakhothamisa amakhanda ethu.

33 Baba wethu waseZulwini onomusa, sisondela ebungcweleni baKho kulokhu ukusa, eGameni elenele konke likaJesu Kristu, iNdodana yaKho, ngoba sifundiswe nguYe eZwini ukuthi uma sicela uBaba noma yini eGameni laKhe sizophiwa khona. Asinalo elinye igama esingaqiniseka ngalo ukuthi Uzosizwa, kuphela ngaleloGama elenele konke leNkosi uJesu.

34 SiyaKubonga, kuqala, Baba, ngalokho Osuvele usenzele khona, izibusiso eziningi, umusa omninginingi Owubeke phezu kwethu. Futhi manje-ke siyaKubonga ngomusa esinawo kulokhu ukusa ukuma kulelibandla elisha, leso yisikhumbuzo esakhiwe lapha edolobheni, esigxumekwe lapha ukwenzela inkazimulo kaNkulunkulu, ukuze izoni eziphiyazayo zingene futhi zisindiswe; ukuthi abagulayo, osedlule odokotela, inyanga yezwe, zedlule ukuqonda kwazo, ezisengakwazi ukuza emandleni aphakeme, uSomandla, futhi ziphulukiswe. O, siKuthanda kangakanani njalo, Baba. SiKubonga kanjani ngalezi.

35 Futhi singabantu abanenhlanhla ukucabanga ngamaRashiya kulokhu ukusa eneSputniki enkulu phezulu esibhakabhakeni nendoda ihlezi kuyo, futhi izwe ukushaya kwenhliziyo yayo yonke indlela kuye emhlabeni. Isikhathi sokuphela sesisondele kanjani lapha! Kufika ngqo phezu

kwesizwe futhi kungukuthi "Zinikeleni noma nibhubhe!" Futhi, O Nkulunkulu! Cabanga ukuthi bekuyoba yini uma bebeyoke bahambe bayophosa leyomicibisholo ye-athomu. Umhlaba omdala uyozamazama uyongena emkhathini, nesikhathi asisayikubakhona.

36 Kodwa sifundiswa eZwini elibusisiweyo, ngaphambi kokuba lokhu kuze kwenzeke, iBandla liya eKhaya ukuba libe neNkosi yalo. O, uNowa wangena kanjani emkhunjini ngaphambi kokuna kwemvula; uLoti wabizwa aphume eSodoma ngaphambi kokuba kwehle umlilo. Nkosi, sikholwa ukuthi iBandla lizohlwithwa likhishwe emhlabeni ngaphambi kokufika kwembubhiso enkulu. Sijabula kakhulu ukwazi ukuthi sisondela kulesosikhathi.

37 Futhi, Baba, njengoba sibuka kulokhu ukusa futhi sazi ukuthi kungenzeka ngaphambi kobusuku, lesisizwe, noma izwe, lingaqhunyiswa libe izicucu. Isizwe esithile esincane noma olunye uhlanya ludedela omunye waleyomicibisholo ejikijelwayo futhi yonke iqondiswe komunye nomunye, lapha kwakuzohamba; kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, Nkulunkulu, uHlwitho, icilongo liyokhala futhi siyobizelwa esibhakabhakeni ukuhlangabeza iNkosi yethu. Hlobo luni lwabantu esifanele sibe yilo kulokhu ukusa na? Siyajabula, siphakamisa amakhanda ethu njengoba sibona isihlahla somkhiwane sihluma, nezibonakaliso ezinkulu, nesayense ithi sekusele imizuzu emithathu ngaphambi kwaphakathi nobusuku. Kakhulu noma ngasiphi isikhathi bekungagadla.

38 O Nkulunkulu, shaya ibandla kulokhu ukusa, Nkosi, ngamandla aKho nangokuhlakanipha kwaKho okuninginingi. Lishaye namhlanje, futhi makuthi amaphiko aKho amakhulu eluleke phezu kwalesisakhiwo esincane namhlanje; futhi athathe abantwana ngaphansi kwalapho njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, futhi wondle abagulayo babuyele empilweni, ngokwenyama nangokomoya. Siphe khona, Nkosi. Busisa lelibandla. Busisa inhloso ukuthi limile lapha, imbangela eliyimele: umelusi, amalunga amadala, abadikoni, abaphatheli, nabantu abangafundele lutho, nazo zonke izihambi emasangweni akithi.

39 Hhayi kulelibandla kuphela, kodwa sikhulekela ukuthi Uzobusisa lonke ibandla ezweni lonke. Futhi ngenxa yalombuthano omncane namhlanje, kwangathi lapho kungaqala imvuselelo eyifeshini endala ezoshanela le-Arizona ngapha nangapha. Siphe khona, Nkosi. Sizokhothamisa amakhanda ethu ngokuzithoba eBukhoneni baKho futhi sibonge, ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho ethandekayo, uMsindisi wethu. Amen.

40 Manje, hhayi ukushumayela, kodwa ukuhlela ngokwenqubo kancane nje, ulungisa izinhliziyo ngesehlakalo kulobubusuku,

ukuthi siyakholwa ukuthi uBaba wethu waseZulwini uzohlangana nathi. Bese kuthi-ke mhlawumbe ngesinye isikhathi esikahle, iNkosi ithanda, singathanda ukubuya mhlawumbe isikhathi eseluliwe, lapho esingahlangana khona ndawonye, futhi siqoqe abazalwane ndawonye. Sisekuvakasheni nje.

41 Kodwa ngithanda ukufunda kuLuka oNgcwele, isahluko 2 nevesi 25, ivesi 26:

> *Futhi kwabonakaliswa kuye nguMoya oNgcwele, ukuthi akayikubona ukufa,* aze *abone uKristu weNkosi.*

42 Ngizosebenzisa indaba ethi *Ukulindela*. Ukulindela ngokwejwayelekile kusekelwe phezu kokukholwa. Ufanele ube nokukholwa ngaphambi kokuba ulindele noma yini. Futhi manje, njengeziningi zezinceku zikaNkulunkulu eTestamenteni eliDala: "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi."

43 Futhi bengivame ukucaphuna lokhu, ukuthi uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe. Ngithanda ukufunda nje izwi noma amabili aLo, ngoba engikushoyo kuzohluleka, ngoba ngingumuntu, kodwa iZwi laKhe lingehluleke ngoba LinguNkulunkulu. Ini. . . UNkulunkulu ake abizelwe enkundleni noma ngasiphi isikhathi ukwenza i—isinqumo, nesinqumo sokuqala uNkulunkulu asenzayo, kufanele kube yisinqumo esifanayo ngaso sonke isikhathi.

44 Manje, yilapho ofanele usekele khona ukukholwa kwakho ngesizotha, ku-ISHO KANJE INKOSI. Ufanele ukukholwe, ukuthi yiZwi likaNkulunkulu. Futhi yilelo themba kuphela esinalo, ithemba kuphela elibonakalayo esinalo, liseZwini likaNkulunkulu. Futhi manje, uNkulunkulu engongenasiphelo, futhi angeke enze iphutha, futhi Uphelele, ngakho-ke, zonke ezaKhe—zonke izithembiso zaKhe zifanele ziphelele njengoba Ephelele. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu," iZwi qobo lwaLo, ngakho khona-ke, iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu. LinguNkulunkulu qobo lwaKhe obekwe phezu kwephepha.

45 Ngokuba akekho umuntu ongcono kunezwi lakhe. Uma ngingenakuthatha izwi lomuntu, angikwazi nje ukuba nokusebenzisana naye. Ufanele abeqotho, ufanele abe neqiniso, futhi ikakhulukazi njengoba ezisho ukuthi ungumKristu.

46 Manje, leyo yindikimba encane nje emfishane, kodwa akusikho ukuthi ingakanani. Akusiyo ikhwalithi, noma, ubuningi; yikhwalithi yeZwi. Kuyilokho okuyikho: YiZwi likaNkulunkulu.

47 USimeyoni lapha, wasendulo, wathi kwethenjiswa nguMoya oNgcwele ukuthi akayikubona ukufa aze abone uKristu weNkosi. Wayenelungelo lokukulindela, ngoba uNkulunkulu

wayekwembulile kuye ngoMoya oNgcwele. Wayenesizathu sokukwembula.

48 Manje, sithola ukuthi u-Abrahama wasendulo, ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala nomkakhe enamashumi ayisithupha-nanhlanu, uSara, ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kanjani kuye futhi wembula kuye ukuthi wayezoba nengane ngoSara, umkakhe. Wayengazali futhi wayeyinyumba. Futhi babekade bengalendlela yonke impilo yabo, kodwa nokho uNkulunkulu wamtshela ukuthi wayezoba nomntwana ngoSara. Futhi Wamcela ukuba azehlukanise ngenxa yalesisithembiso.

49 Futhi yileyondlela esifanele senze ngayo: Lapho sithatha uNkulunkulu eZwini laKhe, sifanele sizehlukanise nazo zonke izinto ezikuzungezile eziphambene naleloZwi. Ungeke uye kubantu bese uthi, "Manje, ucabanga ukuthi nginakho ukuphulukiswa kwami na? Ucabanga ukuthi...?" Akukho lutho abaklucabangayo; lokho akuhlangene ngalutho kukho. Kuyilokho okucabangayo. Kukuwe. Ngakho wacelwa ukuba azehlukanise, futhi wenza kanjalo ngokukhulu ukulindela kokwamukela umntwana.

50 Manje, sithola ukuthi lowomntwana akazange afike kwaze kwaba yiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva. Kodwa esikhundleni sokuya ngokuba buthakathaka ngoba akuzange kwenzeke ngenyanga yokuqala, waya ngokuba ngokuqina ngaso sonke isikhathi, ngoba ukulindela kwakhe kwakukukhulu kakhulu. Uma uSara wayemdala ngenyanga, kwakuyoba kukhulu ngenyanga eyodwa ekulindeleni, ngoba uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe. Bekuyoba ngcono kakhulu kuye ukuba abe nomntwana eneminyaka eyikhulu ubudala kunoma kwakunjalo eneminyaka engamashumi ayisithupha ubudala. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kwakuyisimangaliso esikhulu kakhulu ngaso sonke isikhathi. Futhi akazange aye ngokuba buthakathaka, kodwa waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi.

51 Manje, singabantwana baka-Abrahama, iBhayibheli lasho njalo. Thina, sifile kuKristu, sithatha inzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso. Siyizindlalifa zesithembiso no-Abrahama, ngoba u-Abrahama wanikwa isithembiso. Manje, uma siyizindlalifa zakhe kanye no-Abrahama, khona-ke singabantwana baka-Abrahama. Nokukholwa okufanayo u-Abrahama ayenakho, sinakho qobo lwethu, ukuthi lapho uNkulunkulu enza isithembiso, yazi nje ukuthi kuzokwenzeka. Ngeke kwenze noma yini enye.

52 Ungathini nje u-Abrahama ephuma, ehamba...? Uthi nje wakwenza, yena noSara. Wayenamashumi ayisikhombisa nanhlanu yena enamashumi ayisithupha-nanhlanu, lokho cishe kube yiminyaka eyishumi nanhlanu, amashumi amabili esedlule

ukuya esikhathini. Futhi kwakungudadewabo ingxenye. Wayehlale naye kusukela aqala ukushada naye, mhlawumbe eneminyaka eyishumi nesithupha noma eyishumi nesikhombisa ubudala, futhi engenabantwana. NoNkulunkulu wabonakala kuye futhi wamtshela ukuthi wayezoba nengane. Manje, u-Abrahama wayekulindele lokho ukuba kwenzeke, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

53 Sengathi ngiyambona e. . . Ungathini nje ikhehla elineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, nowesifazane onamashumi ayisithupha-nanhlanu, ehla ukuyobona udokotela ukwenza. . . ahlele nesibhedlela ukuba abe nengane na? Babezothini abantu kubo na? Wayezothini udokotela na? "Umfo omdala use-. . . into ethize engalungile ngokwengqondo. Kukhona okungalungile ngalowomfo omdala." Awu, wonke owesilisa noma owesifazane othatha uNkulunkulu ngokukholwa, futhi emukele izithembiso zaKhe, uthathwa yilelizwe ngohlobo oluthize lomuntu ongahlahlile ekhanda noma uhlanya, ngoba izinto zalelizwe ziwubuwula kakhulu kuNkulunkulu. Lokho umuntu akubiza ngokuthi kukhulu, uNkulunkulu ukubiza ngobuwula. Manje, kodwa u-Abrahama wakukholwa.

Manje, izinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili emva (yena eseneshumi nanhlanu, iminyaka engamashumi amabili esedlule ukuya esikhathini): "Uzizwa unjani, S'thandwa?"

"Akukho-mehluko."

"Awu, akabongwe uNkulunkulu, sizoba nengane noma kanjani."

54 Kwakungukulindela okukhulu kakhulu, mhlawumbe uSara wathunga amabhuzu amancane, nengubo yokulala encane, futhi. . . Ngani na? Wayelindele into ethize ukuba yenzeke, yingalesosizathu yenzeka. Unyaka nonyaka wedlula, no-Abrahama waya ngokuqina ngokuqina, enika uNkulunkulu udumo. Futhi ekugcineni kwenzeka, ngoba wayekulindele ukuba kwenzeke.

Emva kokuba eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, noma, yena wayenamashumi ayisishiyagalolunye: "Ucabangani ngakho manje, Abrahama na? Sekuthi awudele na?"

"Qhabo, mnumzane, sizoba nengane noma kanjani. Sesinazo izingubo zibekwe ngemuva, sesilungise yonke into."

"Usube nazo isikhathi esingakanani na?"

"Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, kodwa uNkulunkulu uzothumela ingane noma kanjani."

55 Ngiyakuthanda lokho. Niyabo, ukuqiniseka. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula. Lapho uNkulunkulu

eke wenza isinqumo, Ufanele asenze sibe Phakade. Manje, ngingenza isinqumo, futhi imizuzu emihlanu ngifanele ngibuyele emuva futhi ngenze esinye, ngoba ngibe nephutha kuleso. Ungakwenza nawe, ngoba sinesiphelo. Kodwa uNkulunkulu, engongenasiphelo, angelenze iphutha. Ungongenakuphosisa, onamandla onke, osezindaweni zonke, uNkulunkulu ongenasiphelo. Amen. Lapho isinqumo saKhe senziwa, kuxazululwe ingunaphakade. Akakwazi ukubuya futhi athi, "Benginephutha." Angekwenze.

56 Futhi uma uNkulunkulu enza isinqumo ekuqaleni ukuthi ekukholweni, uma silikholwa iZwi laKhe, Ubeyokwenza zonke izithembiso zifezeke, khona-ke uNkulunkulu usenguNkulunkulu ongenasiphelo ezithembisweni zaKhe. Ngeke kwehluleke, kufanele kube ngaleyondlela. Kuqinisile. Ufanele ushaye indawana uma uzothatha iZwi laKhe, kukholwe.

57 Manje, ukuba Wayethe...Awu, njengamabandla esho lokho, hhayi...abanye abefundisi basho ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule; uNkulunkulu akasabaphulukisi abantu nhlobo. Uma uNkulunkulu ake wabizelwa enkundleni kumuntu ogulayo futhi wamphulukisa phezu kwezisekelo zokukholwa kwakhe, uma omunye umuntu ogulayo eza kuYe, Uzofanele enze into efanayo, kungenjalo Wenza ngokungesikho ngenkathi Ephulukisa umuntu wokuqala.

58 Uma Enika lowo uMoya oNgcwele owaMlalelayo, eBhayibhelini, impela njengoba Ethembisa lapho eZenzweni... Wathi, "Isithembiso ngesenu nesabantwana benu, labo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Uma umuntu ehlangabezana nalezozidingakalo, uNkulunkulu ubophezelekile ngeZwi laKhe ukumgcwalisa ngoMoya oNgcwele, ngoba uma Engakwenzanga, khona-ke—khona-ke Wenza iphutha. Futhi uma uNkulunkulu wenza iphutha, Ungumuntu futhi hhayi—hhayi uNkulunkulu. U—Unesiphelo, njengoba sinjalo. Ngakho niyabo, njengabantwana baka-Abrahama sithatha isithembiso sikaNkulunkulu futhi nje sibambelele kuso. Akunandaba ukuthi kwenzekani, sibambelela khona lapho ngokufanayo nje, ngoba uNkulunkulu washo njalo nalokho kuyakuxazulula.

59 Manje, awukwazi ukukukhohlisa; ufanele ube nakho. U—ungeke nje ukukhohlise. Akuyikukhohlisa. USathane akasiyo i...u—uyazi noma ngabe uyakhohlisa noma qha. Kodwa lapho ungakhohlisi, uyakwazi naye futhi. Lapho into ethize ibambelela phansi enhliziyweni yakho ukuthi uyazi ukuthi kunjalo, khona-ke kukhona okuzokwenzeka.

60 U-Abrahama wakukholwa lokho. Wamkholwa uNkulunkulu. Wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe naphansi kwamathemba; walinda iminyaka engamashumi amabili nanhlanu nalokho kulindela kuya ngokuba kukhulu ngokuba

kukhulu. Kwase kuthi-ke ekugcineni ingane yazalwa, ngoba wayeyilindele.

61 Wazehlukanisa. Futhi uma nizoqaphela ukuthi kwakulindele ini, uNkulunkulu wamtshela ukuba azehlukanise nazo zonke izihlobo zakhe, noNkulunkulu akazange aphinde ambusise waze waMlalela ngokugcwele. Inqobo nje uma—njengoba uyise ebambelele, ngani, umfo omdala wabangela inkathazo. Wase-ke ehlangana noLoti, kwase kuthi-ke uLoti wabangela inkathazo. Futhi—futhi konke waze wazehlukanisa, futhi wasuka kukho, konke ukungakholwa kwanyakaziswa kwasuka kuye, khona-ke uNkulunkulu wehla futhi wakhuluma naye, futhi kukhona okwenzeka.

62 Futhi Lapho sisusa yonke imimoya emincane yokungakholwa kithi, futhi nje sithathe uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi, "Angikhathali ukuthi u*S'bani-bani* wathini, noma u*S'bani-bani* wathini, uNkulunkulu wenza isithembiso, ngimi khona lapho." Khona-ke uNkulunkulu uzoya ekuphenduleni.

63 Kodwa khumbulani, Wambusisa, futhi Wamgcina, kanjalonjalo, noma wamondla, futhi wamhola esuka endaweni eya endaweni; kodwa Akazange ambusise ngokugcwele futhi amnike isithembiso waze wazehlukanisa ngokuphelele kuzo zonke izinto ezincane zezwe. Umshana wakhe makaqhubekele ezansi eSodoma uma wayefuna, nabo bonke abanye u*s'bani-bani*. Uyise wafa. Khona-ke uNkulunkulu wamtshela, "Vuka futhi ubuke ezweni lonke. Ngikunike konke. Bheka empumalanga, enyakatho, entshonalanga, naseningizimu." Ngicabanga ukuthi yileyo indlela. Uma ibandla, abantu, beke baze bafike endaweni lapho bezehlukanisa ngokuphelele nezinto zezwe, khona-ke ungabheka kuzo zonke izithembiso eBhayibhelini. Konke kungokwakho.

64 Kufana nomhubhe omkhulukazi ophakathi kwezakhiwo. NgaMoya munye sibhaphathizelwe emhubheni ophakathi kwezakhiwo. Abanye abantu bangena nje emhubheni ophakathi kwezakhiwo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, bathi, "Awu, mayibongwe iNkosi, ngingenile. Mayibongwe iNkosi, ngilapha."

65 Akusikho lokho. Kimi, wathini uNkulunkulu ku-Abrahama na? "Sukuma futhi ubuke lonke izwe. Konke kungokwakho." Yileyondlela, ngenkathi ngingena ku—kuKristu, ngangifuna ukuqalaza. Hhayi nje ukwazi ukuthi Wangisindisa, kodwa yini enye enginayo phakathi lapho na? Uma umuntu othize enginika umhubhe omkhulu ophakathi kwezakhiwo ngase ngingena kuwo, ngingathanda ukuhlola into, ngibone ukuthi nginani. Kungaleyondlela ngamaKristu namhlanje. Ayehluleka ukuhlola izithembiso zikaNkulunkulu futhi abone ukuthi ezika "noma ubani othandayo, makeze." Uma ngi. . .into ethize ethe ukuphakama kancane, bengiyozitholela ilada eliyisitebhisi bese

ngikhuphukela kuso, buka emashalofini futhi ubone ukuthi yini engeyami.

66 Nina maKristu ngesinye isikhathi anibuki, nihlole, nithole ukuthi yini engeyenu. Ukuphulukiswa kungokwakho, insindiso ingeyakho, injabulo ingeyakho, ukuthula; zonke izithembiso eBhayibhelini zingezakho. Lapho umuntu egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu umnika ibhuku lesheke elineGama likaJesu libhalwe ekugcineni kwalo. Lithumele phakathi. Ungesabi ukukubhala. Lithumele phakathi, futhi Uzokwehlisela izibusiso eziningi zaKhe phezu kwenu zalokho Akwethembisa.

67 UMose wayesevele ewalahlile amathemba. Wayesemuva kwingemuva logwadule, eluse izimvu zikamkhwe wakhe uJethro, ngenkathi ngokunye ukusa, emuva kwingemuva logwadule, wabona isihlahla sivutha. Wangena ebukhoneni balesisihlahla, nakuba uMose wayengusiyazi wezenkolo, ngoba wayeqeqeshiwe ekuhlakanipheni nasekufundeni konke kwabaseGibhithe, watshelwa ngunina ukuthi wabizelwa inhloso, futhi lonke ulwazi lwakhe lwesayense yezenkolo alubanga yilutho kuye.

68 Futhi angehliseli phansi izehlakalo zesayense yezenkolo—zesayense yezenkolo, kodwa ngithi akusoze kwathatha indawo yalesosehlakalo ohlangana naso lapho uhlangana noNkulunkulu. Kukhona okwenzekayo. Uba yisidalwa esisha. Ngezinye izikhathi kukwenza wenze izinto ezihlekisayo ezweni.

69 Sengathi ngiyambona uMose ngokusa okulandelayo, noZipora ehlezi emnyuzini no—noGereshomi omncane enqulwini yakhe, ehla ukuyolidla ezansi eGibhithe, induku endala eyomile esandleni sakhe iba yikheyini yokuhamba, ubuhwanqa buphephezela nhlangothi zombili. Futhi, "Uyaphi, Mose na?"

70 "Ngehlela eGibhithe ukuyolidla." Ukuhlasela komuntu oyedwa; njengendoda eyodwa nje iya eRashiya ukuyoyidla. Ikhehla, iminyaka eyikhulu ubudala, umkakhe ehlezi emnyuzini ne—nengane, ehla ukuyolidla. Kodwa into yakho yayingukuthi, wakwenza, ngenxa yokuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, noMose wayelindele uNkulunkulu ukuba agcine isithembiso saKhe.

71 Wa—wa—wabulala abaseGibhithe. We—wehlela lapho ngesinye isikhathi futhi wabulala oyedwa ngaphandle kwentando kaNkulunkulu, futhi kwakuyibala ezandleni zakhe; wehla ngokulandelayo futhi wabulala sonke isizwe, kwakuyinkazimulo ezandleni zakhe; ngoba ngesinye isikhathi kwakunguMose ekwenza, futhi ngesikhathi esilandelayo uNkulunkulu wakwenza; lokho kwenza umehluko. Wayelindele uNkulunkulu ukuba abakhulule, ngoba, "Ngikuzwile ukukhala kwabo; Ngikubonile ukuhlupheka kwabo futhi Ngi," isabizwana

somuntu, “ngehlile ukubakhulula, futhi Ngiyakuthuma, Mose, esikhundleni saMi.” Lokho kwakwenza.

72 Ukubonile ukuhlupheka kwakho. Umbonile udokotela ethi, “Akukho okunye engingakwenza ngakho.” Wehla esesimweni sikaMoya oNgcwele ukuzokwengamela, uma nje nizoMvumela akwenze. Lindela Yena ukuba akwenze, wazi ukuthi Wethembisa ukukwenza, bambelela eZwini laKhe. Wathi Uyokwenza, ngakho-ke kulindele.

73 USimeyoni, indoda enodumo olukhulu, uSimeyoni wayeyisazi esidala, futhi wayeyi. . . wayenodumo olukhulu phakathi kwabantu, uma wake wafunda emlandweni wakhe; futhi wa—wayeyindoda ehloniphekile. Futhi ungacabanga nje ikhehla lapho, cishe impela iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nento ubudala, lihambahamba lithi, “Awu, uyazi angizukufa ngize ngibone uKristu weNkosi.”

74 Sengathi ngiyabona abanye orabi bethi, “Uyazi, umfo omdala bandla, kuyadabukisa. Ngani, ikhehla lithe ukuchezuka kancane ekhanda lalo. Ngani, kade sibheke uMesiya iminyaka eyizinkulungwane ezine. Kusukela e-Edene abantu bakithi bebebheke uMesiya; futhi lapha sisekuthunjweni kwamaRoma. Zonke izimo zivaliwe, bonke ubufakazi obubonakalayo ukuthi lezizinto zizokwenzeka buvaliwe kithi; sisebugqilini. Asisesiso ngisho isizwe; sihlakazekile ngendlela esiyiyo, naphansi kukahulumeni wamaRoma. Futhi nanti lelikhehla linolunye unyawo ethuneni nolunye luncikile, futhi nokho lithi lizobona uKristu weNkosi. O,” bebeyothi, “he, lokho akusoze kwenzeka.”

Kodwa uSimeyoni wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka.

75 Sengathi ngiyabona abanye borabi abasebasha bethi, “Awu, myeke nje umfo omdala. Akanangozi; angeke alimaze muntu. Kodwa uyajikeleza lapha efakaza kuwo wonke umuntu uzokwenza *lokhu*, futhi uzokwenza *lokho*, futhi uzophila ukuba abone uMesiya efika, nakho konke *kanjalo*.”

76 “Awu, Simeyoni, yini isizathu sakho na? Kungani usho into enjengaleyo na? Yini ekwenza uthi, ngenkathi uDavide aMbheka, ngenkathi u-Eliya aMbheka, nabaprofethi basendulo, futhi sasiMbhekile kuyo yonke iminyaka, futhi manje izinsuku zezimangaliso selwedlule nayo yonke into yenziwe yabamnyama, iminyaka engamakhulu amane selokhu saba nomprofethi, uMalaki, futhi nakhu ulapha, uyeza, uthi awuzukufa uze ubone uMesiya, wazi kanjani ukuthi lokho kuzoba yiqiniso na?”

“Ngokuba kwembulwa kimi nguMoya oNgcwele.”

77 Naso isisekelo sakhe. Lokho kufanele kube yisisekelo sakho. Lokho kufanele kube yisisekelo sami. Lapho uMoya oNgcwele usembulela khona futhi kuhambisana neZwi, akukho lutho oluzokumisa, lapho kwembulwe kuwe nguMoya oNgcwele, futhi ubuka lapha futhi kuyisithembiso eZwini.

78 Manje, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyisithembiso eZwini. Manje, uma uMoya oNgcwele uzokwembula kuwe, ukuthi Ufile ukukuphulukisa ngokufanayo njengokukusindisa, bese-ke ufika namathemba ukukwemukela, futhi uNkulunkulu impela uzobona ukuthi uyakuthola.

Manje, ungahle. . . U—udokotela angahle athi, "Manje awu, bayeke kanjalo. Ngeke kubalimaze, ngiqagele. Bazofa nje noma kanjani."

79 Kodwa khumbulani nje, uma uNkulunkulu enza isithembiso, hlalani kuso akunandaba ukuthi izimo sinjani. Uma uthi, "Awu, nginomdlavuza, ngineTB;" lokho akuhlangene ngalutho nakho. Uma uNkulunkulu ekwembulile, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe; yilokho kuphela.

80 Kaningi cabanga ngoJona. Ukucabanga ngezimpawu, abantu babuka izimpawu zabo. UJona wayenodaba lwangempela lwezimpawu. Wayesesiswini somkhomo izandla zakhe nezinyawo ziboshiwe, futhi wayephansi esiswini somkhomo kubo bonke ubuhlanzo, futhi phansi ekugcineni kolwandle, olwandle olunesiphepho. Manje, wayenezimpawu ezithile. Uma wayebuka ngapha, kwakuyisisu somkhomo; ngaleyondlela, kwakuyisisu somkhomo; yonke indawo ayebuka kuyo, kwakuyisisu somkhomo. Manje, akukho-muntu lapha okulesosimo esibi, ngiqinisekile.

81 Kodwa niyazi ukuthi wathini na? Wathi, "Ziyize lamanga. Angeke ngibakholwe." Wathini na? "Ngiyakuphinda ngibheke ithempeli laKho elingcwele."

82 Ngokuba wayazi ukuthi ngenkathi lelothempeli linikelwa, usuku uSolomoni anikela ngalo ithempeli, wakhuleka, wayesethi, "Nkosi, uma abantu baKho besenkathazweni, noma kuphi, futhi uyobheka ngakulelithempeli elingcwele, khona-ke uzwe useZulwini," futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wawuzwa umkhuleko waleyondoda.

83 Futhi niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani na? Wamgcina ephila ezansi lapho izinsuku ezintathu nobusuku, wamyisa ngale eNineve, mhlawumbe wathatha inhlanzi ende kangako ukuba ibhukude emanzini, imyise laphaya. Kodwa wahlala esiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu. Wayelindele uNkulunkulu ukuba enze okuthize, ngoba wayehlangabezane nesidingakalo. UNkulunkulu wayenze isithembiso futhi wasikholwa.

84 Futhi uma uJona, ngaphansi kwalezozimo, wayengathola umsebenzi wesimangaliso onjalo ovela kuNkulunkulu, ngoba kwakungokweZwi, kwakungokokukholwa kwakhe, futhi uma wayengenza lokho phansi kwalezozimo, kakhulu kangakanani, kulokhu ukusa, singaphulukiswa, ngenkathi singabuki ithempeli elenziwe ngezandla. USolomoni

ekugcineni wahlubuka, amakhosikazi akhe amhudula amsusa kuNkulunkulu.

85 Kodwa sibheka ngakwesokunene sikaNkulunkulu lapho uJesu ehlezi khona neGazi laKhe uQobo, uphila njalonjalo ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Kakhulu kangakanani-ke esingabiza noma yiluphi uhlobo lwesifo ngokuthi "yize lamanga. Angikukholwa. 'Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngenxa yeziphambeko zethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo nangemivimbo yaYo siphulukisiwe thina.' Manje-ke, Sathane, thatha indlela yakho, phuma lapha." Niyabo. "Ngiyamkholwa uNkulunkulu. Ngikulindele ukuba kwenzeke." Nakho lapho okhona.

86 Uma ngi. . .kungenzeki khona manje, kuzokwenzeka emva kwesikhashana. Uma kungenzeki namhlanje, kuzokwenzeka kusasa. Uma kungenzeki kusasa, kuzoba ngeviki elizayo. Noma ngabe yini, kuzokwenzeka noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo. Nakho lapho okhona. Manje, wehlela lapho ongaba nokukholwa khona. Kulindele. Lokho uNkulunkulu athi Uyokwenza, uNkulunkulu uzokwenza. Angeqambe amanga.

87 Ngakho uSimeyoni, wodumo olukhulu, akwenzi mehluko mayelana nodumo. Yilokho okuningi kakhulu okungena emabandleni ethu namhlanje, ngisho nasemabandleni ethu ePentecostal. Kuyimfashini eningi kakhulu, okuningi kakhulu ukurep-. . .kwe—kwezinto, njengokuthi nje sinodumo oluningi olukhulu, niyazi, nomphakathi, nezinto.

88 Esikudingayo ifeshini endala, emahlathini angemuva, isibhakabhaka esiluhlaza, inkolo ebulala isono. Esikudingayo ngumbhobho wesibhamu ngqo, into ethize ezoshumayela ivangeli ngaphandle kokuxegisa, futhi badedele amabhizela awele noma yikuphi lapho efisa khona, bese beklabha kuwo. Sidinga amadoda kaNkulunkulu; ehlala ngamandla, abuyisele ibandla endaweni lapho belifanele libe khona.

89 Kukhona okungalungile. Siyakuqonda lokho. Sonke siyakwazi. Siyakuqaphela. Amabandla ethu ayawa, eba buthakathaka. Esikudingayo aku—ku—akusiyo i—inhlangano entsha ukuba iqhume, esikudingayo akusiyo enye imvula yamuva; esi—esikudingayo ngukubuyela ekukholweni eZwini likaNkulunkulu neBhayibheli likaNkulunkulu. Isehlakalo esinyakazisa umphefumulo ubuyele ebandleni, yilokho esikudingayo, ukuhlanzwa, ukuqondiswa, onke amabandla ethu nezinhlangano zethu. Yeka ukudweba imigqa emincane yemingcele; *lokhu* nje na*lokho*.

90 Inhlangano ethize, ngolunye usuku, ngenxa yokuthi ngavumela omunye umfundisi ahlale emsamo owayengeyena owenhlangano yabo, wathi, "Sesidwebe umugqa. Sidwebe

sakukhipha kuwo, Mfowethu Branham, waphuma kwezethu—waphuma eziyingini zethu."

91 Ngathi, "Ngidweba omunye, omkhulu kakhulu, nginibuyisele phakathi futhi." Ngathi, "Ngakho u—ungeke nje wangisontela ngaphandle." Kunjalo. "Ngizodweba umugqa ngqo phezu kowakho bese ngikuthatha ngikubuyisele emuva ngqo." Niyabo?

92 Lokho kungokwe... Singabazalwane. "Asehlukene; thina sonke singumzimba munye." Kunjalo. SingamaKristu, sizelwe nguMoya waKhe, sigezwe eGazini laKhe. SingamaKristu. Sifanele siziphathise okwamaKristu; sifanele siziphathe njengamaKristu. Madoda nabesifazane, ake nginitshele ukuthi leyo yinto eyodwa thina, ibandla elisilele ngayo namhlanje, liziphatha njengamaKristu. Siyahambahamba, siziphathise okwezimpukane ezifile. Siyahamba... Kuyesabeka. Akukho kukholwa, akwenele, uma kwakunguyinki, ukufaka icashaza u "i." Kalula nje, silahlekelwe yinto ethize. Ebesifanele sikwenze ngukuhlehlisa amahlombe ethu emuva.

93 Eminyakeni edlule babevame ukuthengisa izigqila ezimakethe zezigqila lapha eningizimu, ikakhulukazi ezansi eGeorgia, kanjalonjalo, ngenkathi... Futhi babewela i... phesheya kwezilwandle e-Afrika, namaBhunu ayezobuyisa izigqila. Bazikhiphele lapho eJamaica, futhi bazithumele ngomkhumbi eFlorida, futhi bazithengise, izimpilo zabantu. Lokho kwakungalungile. UNkulunkulu wenza umuntu, nomuntu wenza izigqila. Akekho umuntu okufanele abe yisigqila. Sikhululekile kuKristu. Asisiso isigqila sesizwe, asisiso isigqila senhlangano. Singamadoda nabesifazane bakaNkulunkulu. Selule izingalo zethu kuwo wonke umfowethu owile, akunandaba ukuthi ukuphi. Kukhona indawo yethu sonke. Ngakho lapho sifika endaweni...

94 Babehambahamba, bathenge lezizigqila emasimini ehlukene. Babethola incwadi yokuthengisa, njengoba nje bekungaba imoto eke yasetshenziswa, endaweni yezimoto, ndawondawo. Ngakho babehambahamba futhi bathenge lezizigqila. Bayothatha i...

95 Ngafunda ngo-Abraham Lincoln, umningizimu omkhulu, owehla esikebheni lapho eNew Orleans, futhi wababona emgodini wezigqila lapho, bethengisa endalini indoda enkulu, iNigro elikhulukazi eliqinile. Futhi umkalo omncane bandla emi phandle lapho nezingane ezimbili, ekhala, ngokuba babezoyithengisa ukuze bayizalanise nabakhudlwana, abesifazane abaphile saka ukwenza izigqila ezinkulu ngokuthe xaxa. U-Abraham Lincoln wafinqa inqindi yakhe *kanjalo*, wayesethi, "Lokho akulungile. Ngelinye ilanga ngizokushaya, uma kuthatha impilo yami." Kwakwenza, kodwa wakushaya. Wakwephula, futhi.

96 Ake ngikutshele, mfowethu, ukungakholwa kungokukadeveli. Mangikushaye, Nkosi. Angikhathali noma kubiza impilo yami. Ake ngiphule leyonto phezu kwebandla, leyomingcele, kanjalonjalo, ukuthi singabona, thina, ngaMoya munye, sonke sibhaphathizelwe emzimbeni munye, futhi singamaKristu. Singabazalwane. Akunandaba uma indoda ingeyeChurch of God nami ngingowe-Assemblies, nalena yiBaptisti, noma iPresbyterian; singabazalwane, yilokho esiyikho, singabazalwane kuKristu. Ake sikwephule. Yephula lemingcele. Singelula izingalo zethu kuwo wonke umfowethu.

Ngangilapha esikhathini esithize esedlule, bathi, "Mfowethu Branham, uma nje uzojoyina inhlangano yethu."

97 Ngathi, "Qhabo, ngikanye nenhlangano yenu, kodwa ngiyanitshela ukuthi ngizokwenzenjani: Ngizokwelula izingalo zami nhlangothi zombili kuwo wonke umuntu." Lokho ngukuthi . . . Sonke simunye kuKristu.

Ngolunye usuku lo othenga anthengisele abanye wafika ngasekhaya linsimu. Wathi, "Zingaki izigqila onazo na?"

Wathi, "Ngaphezu kwekhulu."

Wathi, "Ngingathanda ukuzibhekisisa."

98 "Kulungile." Zonke zazisebenza, futhi zazi . . . zazidangele. Zazi—zazifika endaweni lapho zazikwazi khona ukuthi azisophinde zibuyele ezweni lendabuko futhi, futhi azisophinde zimbone uBaba noMama, futhi azisophinde nhlobo zibone abantwana, no—nokunye nokunye, futhi za—zazinomunyu kakhulu. Futhi babethatha iziswebhu futhi bazibhaxabule ukuzenza zisebenze; ukuzenza zidonse futhi zisebenze, nanoma yini ezazifanele ziyenze.

99 Ngolunye usuku ngenkathi lomthengi wezigqila efika futhi waqaphela ukuthi wayezibhaxabula kanjani lezozigqila, ezenza zisebenze, zonke ngaphandle kwensizwa eyodwa. Babengadingeki ukuba bayibhaxabule. Amahlombe ehlehlile, isilevu sibheke phezulu; yayikukho ngqo noma ngamuphi umzuzu.

Futhi o—othenga athengisele abanye wathi, "Ngi—ngingathanda ukuthenga lowomfo."

"O," kwasho umnikazi, "akathengisi; angeke ngamthengisa."

"Awu," wathi, "Ngiqaphelile ukuthi awudingi ukuba umqondise."

Wathi, "Qhabo."

Wathi, "Yini indaba na?" Wathi, "Ngabe ungubasi phezu kwazo zonke na?"

Wathi, "Qhabo, uyisigqila."

Wathi, "Mhlawumbe umondla ngokwehlukile kunoma wenza kwezinye izigqila."

Wathi, "Qhabo, zonke zidla ekamelweni lokuphakela emkhunjini ndawonye; ziyisigqila nje."

"Awu," wathi, "yini emenza ehluke kakhulu kangaka kuzo zonke ezinye na?"

100 Wathi, "Ngamangala nami, ngaze ngathola, ngoluny'usuku, ukuthi ngaleya ezweni lendabuko lapho evela khona, e-Afrika, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakuba engowezizwe, nokho uyazi ukuthi uyindodana yenkosi, futhi uziphatha njengayo."

101 O, Nkulunkulu! Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, indodana yeNkosi yaseZulwini. Pho siyakuziphatha kanjani-ke na? Omdadlana ontekenteke, ephushelwe emuva na? Qhabo, mnumzane.

> UBaba wami ucebile ngezindlu namasimu,
> Uphethe ingcebo yezwe ezandleni zaKhe!
> Okwamarubi namadayimane nesiliva negolide,
> Amabhokisi aKhe agcwele, Unengcebo engakhulumekiyo.
>
> Ngokuba singumntwana weNkosi!

102 Masiziphathe: Besifazane, ningafani nezwe, ningagqoki njengezwe, ningabi yilezizinto zesimanje, nayo yonke lento abayenzayo, qhela kukho, uyindodakazi yeNkosi.

103 Banumzane abahloniphekile, nina bazalwane, anidingi ukushaywa phansi futhi nifuqelwe ekhoneni, ningamadodana eNkosi. Yebo, sukumani, niqhunsule isifuba senu, hlanganani nakho. Impela kunjalo.

104 Silindele uNkulunkulu ukuba asenzele okuthile. Angeke asenzela lutho lapho sonke nje sigobela ngapha nangapha sengathi si, into ethize ethi ayife uhhafu. Ufuna ibandla eliphilayo. Ufuna a—amalunga phakathi lapho ukuba abe ngamatshe aphilayo akhiwe endlini yokukholwa. Mkholweni, Memukeleni, nithatha iZwi laKhe.

105 Manje, wena uthi, "Awu, nginodumo olukhulu, Mfowethu Branham. Ngingusomabhizinisi. Ngidlala amakhadi emphakathini wakithi." Angikhathali ukuthi unani, mfowethu, awukho umphakathi omkhulu ezweni kunomphakathi kaJesu Kristu, futhi awusoze wajoyina kuwo.

106 Wena uthi, "Awu, ngiyilunga lebandla." Linye kuphela iBandla, yinye kuphela iNdlela, iSango elilodwa, lowo nguJesu Kristu. Ongena kunoma iyiphi enye indlela ufana nesela nomphangi. Futhi ngaMoya munye sonke sibhaphathizelwe kulowoMzimba. Kunjalo futhi singabazalwane. Yebo, mnumzane. Futhi singamadodana namadodakazi eNkosi; sifanele siziphathe. Udumo lwethu alulutho emhlabeni; lokho olufuna ukuba yikho: eZulwini, lapho esifuna khona ukuma kwethu—kwethu, phambi kukaNkulunkulu.

107 Manje, siyathola, thatha uSimeyoni wehle njalo. . . Ngiyabona ngineminye imizuzu cishe emihlanu. Ake simehlise siqhubeke kancane. Sithola ukuthi uSimeyoni wayenesizathu esihle salokho ayekwenza, ngoba uMoya oNgcwele wawembulile kuye ukuthi wayengezukubona ukufa. Akunandaba ukuthi yini, ukuthi wayesemdala kangakanani, noma lutho ngakho, ukuthi bangaki abanye ababehlulekile ekuzameni ukuMbona, kodwa yena, qobo lwakhe, njengomuntu ngamunye, wayezobona uKristu weNkosi.

108 O, mfowethu, dadewethu, uma u—uma ubungathola uMoya oNgcwele ukuba embule kuwe manje, "Yimina ozophulukiswa. Yebo, mnumzane. Angazi ukuthi bonke abanye bazokwenzani, kodwa kuzoba yisikhathi sami. Leli yihora lokuphulukiswa kwami."

109 "Lesi yisikhathi engizokwemukela ngaso uMoya oNgcwele. UNkulunkulu ukwambule kimi. Futhi ngizoKwemukela." Kwehlukile, kukhona okuzokwenzeka.

110 Njengo "twa lubizana noTwa, umsindo wezimpophoma zaKho," kwasho uDavide. Nga—ngamanye amazwi, uma kukhona utwa phakathi *lapha* olubizayo, kuzofanele kubekhona uTwa phandle *lapho* ukusabela kulolobizo. Ngamany'amazwi, bangaki okholwayo ukuthi u—ukuthi ungathanda ukuhamba eduze noNkulunkulu na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Bangaki okholwayo ukuthi uNkulunkulu unguMphulukisi na? Phakamisa isandla sakho. Impela. Awu, manje, uma uneNto ethize kuwe ekutshela lokho, kuzofanele kubekhona Into ethize phandle lapho ukusabela kulokho kulangazelela.

111 Lapha, kanje: ngaphambi kokuba kuze kubekhona isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi kuqala ukuba ibhukude kuwo, kungenjalo yayingeke ibe nesigwedlo. Ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla ukuba simile emhlabathini, kwakufanele kubekhona umhlabathi kuqala, kungenjalo kwakungeke kube khona—ngekho-sihlahla ukuba simile kuwo.

112 Lapha esikhathini esithile esedlule. . .Bengicabanga nje, ngicaphune lokhu maduze nje, ukuthi u—umfana omncane edolobheni lakithi, waye. . .udla—udla onke amarabha epensela lakhe esikoleni. Nothisha wabhalela unina. Futhi umama wakhe ngolunye usuku, wamthola phandle egosini elingemuva, edla isitibili sebhayisikili. Ngakho, kwakuyirabha. Futhi ngakho bamehlisela endlini yesayense yokucwaningela ukuyohlola umfo omncane ukuthola ukuthi yini eyayingalungile. Futhi udokotela wathola ukuthi umzimba wakhe omncane wawudinga isibabule. Manje, uthola isibabule erabheni. Manje ini na? Inqobo nje uma kwakukhona ukulangazelela isibabule lapho, kwakufanele kube nesibabule kuqala. O mfowethu, uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Bekuyodingeka kube nesibabule phandle *lapho*

kuqala, ngaphambi kokuba kube khona ukulangazelela phakathi *lapha*. Niyakubona na?

113 Yingalesosizathu kunokuningi kukaNkulunkulu kwakho. Yingalesosizathu kukhona ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakho, ngoba uyakufuna. Yingalesosizathu kwakukhona uNkulunkulu o...u-Abrahama ayemfuna, oMakhi noMenzi kwakunguNkulunkulu. Wayekubhekile, ngoba uNkulunkulu wayenze isithembiso. Niyakubona na?

114 Lapha, ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali ukudala okudaliweyo. Futhi inqobo nje uma uzwa ukuthi ukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kukhona umthombo ovulekile ndawondawo. Inqobo nje uma ukholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu ozokugcwalisa ngoMoya oNgcwele, kukhona umthombo ovulekile ndawondawo kungenjalo ubungeke neze uwulangazelele. Abanye...Abaningi abanye abakulangazeleli, niyabo, ngoba akwembuliwe kubo. Kodwa kwembuliwe kuwe. Kungani na? Ngani na? Ngizizwa ngikholwa impela khona manje. Niyabo? Kuyini na? Kwembulwe kuwe nguMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele ofanayo owakwembula kuSimeyoni.

115 Futhi inqobo nje uma Ekwembulile, kukhona umthombo ovulekile ndawondawo. O, ukuba nje besingakubona! Umthombo uvulekile ndawondawo, ngokuba wembulwe kuwe nguMoya oNgcwele, uNkulunkulu unguMphulukisi. Ukuphi lowomthombo na? UNkulunkulu ugcwalisa ngoMoya oNgcwele. Uphi lowomthombo na? Niyabo kukhona umthombo *lapho* kungenjalo ubungeke ube nalokho kulangazelela enhliziyweni yakho. Ngakho kukwenza nje ulahlekelwe yiyo yonke imicabango yakho yanoma yini enye, ngoba kweqa yonke into. Kugcwalisa ubuwena bakho bokugcina du ngokukukholwa. Manje, awukho uMoya oNgcwele ombili. Munye kuphela uMoya oNgcwele, noMoya oNgcwele ofanayo owakwembula kuSimeyoni ukwambule kuwe; kwembulwa nguMoya oNgcwele.

> Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Omuncwe emithanjeni ka-Emanuweli,
> Izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
> Lisusa onke amabala azo esono.

116 Lokho kungokwaso sonke isoni. UPetru wathi ngosuku lwePhentekoste lapho, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso..." O, he! Ungakubuyisela kanjani emuva futhi ukufake kwenye into yomlando na? "Isithembiso ngesenu, esabantwana benu, kubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

117 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Izibusiso zePhentekoste, amandla kaNkulunkulu ezama ukuthatha ibandla laKhe; Akehluleki. Akanciphi. Usakhanya nje futhi uncwaba namhlanje njengoba Wayelokhu enjalo, futhi uyohlala enjalo. UPhakade. O, yebo.

118 "Amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu." UDavid duPlessis wake washo ngalokho, ngamadodana kaNkulunkulu, "Amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu." Nonke niyakukholwa lokho, anikukholwa na? "Amadodana, abantwana bakaNkulunkulu baholwa nguMoya kaNkulunkulu. Manje, inkathazo yakho ingukuthi, ebandleni namhlanje," wathi, "sinabazukulu abangamadodana abaningi kakhulu, kodwa uNkulunkulu akanabazukulu."

119 Manje, nina maMethodisti, coshani umzuzu nje. Ngifuna ukukhumula ibhantshi lenu. Ukuba sasisalokhu sinamadodana namadodakazi kaNkulunkulu eMethodisti bekuyoba kuhle. Ukuba besinamadodana namadodakazi kaNkulunkulu eBaptisti, kuhle; iLuthela, iNazarene, iPilgrim Holiness, noma iPentecost. Kodwa njengoba nje bonke abanye babo benza, kanjalo nathi sikumaPentecostal. Sithatha abantwana bethu futhi sibangenisa ebandleni, ngoba sasiphakathi lapho, sibenza amalunga ebandla lePentecostal; lokho ngabazukulu!

120 UNkulunkulu akanabo abazukulu! Leyondodana efanayo noma indodakazi ifanele ikhokhe inani elifanayo esilenzile, futhi yemukele uMoya oNgcwele ngokufanayo njengoba senza. Abekho abazukulu. UNkulunkulu akabafaki nge . . . kanjalo. Kukhona amadodana namadodakazi. Abekho abazukulu, uNkulunkulu akanabo. Ayikho into enjalo ngoNkulunkulu.

121 Awu, uthi, "Ngingowebandla leMethodisti. Umama wami wayengowalapho." Lowo ngumzukulu! UNkulunkulu akanaye! U—ungumzukulu ebandleni leMethodisti, ungumzukulu ebandleni lePentecostal, kodwa uNkulunkulu akanabazukulu. Wonke owesilisa nowesifazane uzofanele azalwe ngokusha ngamunye ngamunye, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Yilokho okubenza bagcwale uMoya futhi bagcwale ukuphila.

122 Kuza intwasahlobo. Emva kwesikhashana zonke izinyoni ezincane ezansi lapha ziphumela kulezoziqongo zomdolofiya nezihlahla phandle lapho, zizakhele isidleke. Umama wenyoni omdala angazakhela isidleke esincane esihle futhi asenze sithokomale kakhulu enzele izingane zakhe, abeke isidleke esigcwele amaqanda. Futhi angahlala lapho phezu kwalawomaqanda, futhi athembeke kakhulu, futhi awaphendule kakhulu nje, futhi alambe kakhulu, futhi uzozilambisa, umpofu kakhulu akakwazi ukundiza asuke esidlekeni. Uma leyonyoni engumama ingazange

ibe nomata, lawomaqanda awasoze achanyuselwa. Kunjalo. Awachamuseleki. Umgudu wegazi uvela ebulilini bowesilisa, umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi. Lelo yiqiniso. Owesifazane uveza kuphela iqanda, isifazane, kodwa isilisa yilapho ukuzala kuvela khona.

123 Yileyo indaba ngamabandla ethu namhlanje. Abantu bakithi bePentecostal . . . (Ngingasho lutho olumelene nalelibandla elimangalisayo nomelusi wenu omangalisayo. Ngahlangana naye, ngiyazi ukuthi ukholwa yini.) Kodwa namhlanje sithola amabandla amakhulu kunalawo esake saba nawo nokukholwa kwethu kuya ngokuba phansi. Yini indaba na? Niyabo, singenisa amalungu, abazukulu. Esikudingayo, mfowethu, hhayi . . .

124 Leyonyoni endala, njengoba ngisho, ingahlala lapho, lesosidleke, kuze kube ibisimpofu kakhulu ibisingasakwazi ukundiza isuke kuso. Kodwa uma ingazange ibe nomata, azokwenzani lawomaqanda na? Ayolala khona lapho futhi abole. Niyakwazi lokho ngezinkukhu zenu. Ayolala lapho futhi abole.

125 Yinye kuphela into okufanele uyenze, mfowethu: ukuhlanza isidleke. Kunjalo. Yilokho iminyakazo yethu yePentecostal ekudingayo namhlanje yisikhathi sokuhlanza isidleke. Khipha amaqanda abolile esidlekeni. Ngenisa amalunga, futhi uwenze abadikoni kanjalonjalo, futhi uwambambathe emhlane ngoba akhokha kanzima kancane ebandleni; awazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Kunjalo. Esikudingayo yisehlakalo sokuzalwa ngokusha, sibuyele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, ngokukholwa kwangempela kwePentecostal ebandl- . . . kuNkulunkulu, usebenza ebandleni lethu. Lokho kuletha into ethize ukuthi uholwa nguMoya oNgcwele. Lapho iZwi likhuluma, uthi “amen” kuLo, futhi uyaLikholwa.

USimeyoni eqhutshwa nguMoya oNgcwele, futhi lapho wayeneSithembiso.

126 Manje, sengivala ngingahle ngisho lokhu. Ake sithi kufika isikhathi . . . Izindaba azihambanga ngaleyonkathi njengoba zenza. Bukani uMariya omncane, wayelindele naye, intombi. Wayenga . . . wayengakaze azi indoda, kodwa uMoya oNgcwele wahlangana naye wawusuthi, “LeyoNto engcwele eyozalwa kuwe iyoba nge—iyoba ngekaMoya oNgcwele. UNkulunkulu uzoba nguYise waleNdodana.”

Awu, wayelindele uNkulunkulu ukuba agcine iZwi laKhe. Akahambanga ngapha nangapha ethi, “Manje, linda. Ngizobona ngize ngizwe ukuphila futhi khona-ke ngizohamba ngiyofakaza.”

Qhabo, qhabo. Akusikho okuzwayo. UJesu akazange athi, “Nikuzwile na?” Wathi, “Ukukholiwe na?” Uyakukholwa.

127 Omunye uthi, “Awu, angizwa kwehluka.” Lokho akuhlangene nakho. Akukhulumi ngesandla esingaphandle nomzimba ongaphandle: Ukhuluma ngengaphakathi elikukholwayo. Kulawula konke okunye kwakho.

Wathi, “Ukukholiwe na?”

128 UMariya, kwathi nje iNgelosi ingamtshela, ngani, wathi, “Bheka, incekukazi yeNkosi. Makube kimi njengokwaKho . . . ngokweZwi laKho.” Wakhuphukela ngqo emagqumeni aseJudiya, efakaza. Wahamba futhi watshela u-Elizabethe, umzala wakhe, ukuthi wayezoba neNgane, engazi-ndoda. Ngani, u-Elizabethe wamangala, wathi . . . Futhi uJohane omncane, niyazi, wayesenezinyanga eziyisithupha vele, wabunjwa esizalweni sikanina, wayengenakuphila.

129 INgelosi enkulu yabonakala kuZakariya, futhi walingabaza iZwi likaNkulunkulu. Wathi, “Uyoba yisimungulu kuze kube yisikhathi umntwana azalwa ngaso.” Niyazi, uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe. Uma ungafuni ukukuthatha, omunye umuntu uzokuthatha. Futhi wathi . . .

130 Ngenkathi, sithola ukuthi, unikeza isibingelelo, wathi, “O, uMoya oNgcwele uzofika phezu kwami, futhi ngizokhulelwa. NaleNto engcwele izobizwa ngeNdodana kaNkulunkulu, futhi ngiyakuYiqamba iGama uJesu.” Manje, uJohane omncane wayenezinyanga eziyisithupha enganyakazi. Noma ubani uyazi ukuthi lokho kungaphansi kokwejwayelekile. Izinyanga ezintathu kuya kwezine ikakhulu bese kuthi-ke nansi izinyanga eziyisithupha futhi wayengakanyakazi; kodwa kwathi nje engezwa lesosibingelelo endlebeni yakhe esivela kuMariya, omunye olindele, omunye olindele, bobabili. Futhi ngenkathi uMariya ethi . . . wabiza iGama leNkosi uJesu, okokuqala leloGama ukuba lize likhulunywe ezindebeni zomuntu, ingane encane efile esizalweni sikanina yagxuma ngenjabulo. Futhi uJohane wemukela uMoya oNgcwele esizalweni sikanina futhi uqala ukugxumagxuma ngenjabulo.

131 Futhi uma okokuqala iGama likaJesu Kristu lake lakhulunywa ezindebeni zomuntu lenza ingane efile yagxuma esizalweni sikanina ngokujabula, bekufanele kwenzeni ebandleni elizelwe ngokusha, ukuthola ukukholwa kwamandla okuphulukisa!

132 Angijabule ngokweqile! Ngiyazi ukuthi ngikuphi. Niyabo? Kodwa nje ngithola ukuzizwa ngikahle ngezinye izikhathi lapho ngiqala ukukhuluma ngalezozinto. Niyabo? Kunjalo, ngoba kuyiqiniso; leloGama likaJesu Kristu linokuPhila; futhi lapho Likhulunywa ngamandla nokukholwa, akukho lutho oluzoma eBukhoneni baLo. Kunjalo impela. O, impela, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

133 Manje, ake sithi uSimeyoni wayehlezi emuva endlini yakhe yokutadisha; mhlawumbe ngoMsombuluko ekuseni. Bonke abapristi basemsebenzini wabo. Futhi kwakukhona cishe amaJuda ayizigidi ezimbili nengxenye ePalastine ngalesosikhathi, ngakho izingane eziningana zazalwa ngobusuku obubodwa; ngosuku lwesishiyagalombili abesilisa babefanele basokwe. Ake sicabange ukuthi uSimeyoni ehlezi emuva ehhovisi lakhe. UneZwi; ubuka kuLo lonke, *kanjalo*. Futhi ufika phezu komBhalo ogoqwayo, mhlawumbe ngapha ku-Isaya, u-Isaya 6:9. "Sizalelwe iNdodana, siphiwa uMntwana," kanjalonjalo. "IGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, UNkulunkulu onamandla, UYise ongunaphakade." Sengathi ngiyambona nje ehlezi lapho.

134 Manje, ngaso sonke isikhathi uMariya omncane wayesendleleni yakhe enhla lapho ukuba iNgane isokwe. Ungena emgqeni womkhuleko, kumbe noma kungaba yini, umugqa wenyukela ukusokwa. Zonke izingane yayigqoke okuthungiwe okuhle okuncane, niyazi. Futhi abafo abancane abahle, futhi bengenamazinyo, niyazi, futhi, o, ngiyabathanda nje. Futhi ngibona abafo abancane lapho, nomama, benomoya omuhle, nengane yabo encane; kodwa lapha Wayene. . . esongwe ngembeleko yaKhe. Niyazi ukuthi bayitholephi na? Ithathwe ejokeni lenkabi esitebeleni, kepha nokho yena impela uMdali wamazulu nomhlaba! Futhi sigqoka isudu yamadola angamashumi amahlanu futhi nje sibhekise ikhala lethu phezulu, njengokuthi, uma lina liyosiminzisa, noMsindisi wethu wazalwa engenazo ngisho izingubo zokuMsonga ngazo. "Izimpungushe zinemigodi, izinyoni zezulu zinezidleke, kodwa iNdodana yomuntu ayinandawo yokuqamelisa ikhanda laYo." Singobani na? Sifanele kanjani . . .?

135 "Awu, ngi . . . ngingowebandla elikhulu kunawo onke kulelidolobha." O, bakithi, mfowethu, dadewethu, lapho uzwa sengathi uyaqhela kuNkulunkulu ngayo leyonkathi! "UNkulunkulu une . . . Ubophezelekile kimi." Ubophezelekile entweni engelutho. Wena ubophezelekile kuYe. Wenze ingxenye yaKhe. Ufanele ukholwe njengoba nje bonke abanye bekholwa. Ufanele uze ngendlela efanayo abeza ngayo.

136 Sengiyambona uSimeyoni ehlezi emuva lapho. Futhi khona manjalo manje uMariya omncane ungena esakhiweni. Ngiyababona bonke abanye besifazane beqhela. Ngiqagele nina bantu abazelwe ngokusha niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Wayemi lapho. Abesifazane bayaqhela, bethi, "Uyabona lowo wesifazane lapho . . . ube naleyongane ngaphandle komshado ongcwele. Yena noJosefa wayesanda kushada ezinyangeni ezithi azibe mbili ezedlule futhi wayesevele ezoba ngumama ngaphambi kokuba izalwe. Wayezoba—wayezoba ngumama ngaphambi kokuba ashade, njalo. Niyabo? Lowo ngumntwana oyivezandlebe. Mbukeni ephethe lowomntwana oyivezandlebe

ethempelini likaNkulunkulu. Deda kuye." (Yileyondlela amakholwa angempela . . . ) Kodwa uMariya, ebambe leyoNgane ngezingalo zakhe, mhlawumbe Yayiphakathi, imbeleko yayisuka ejokeni lentamo, ijoka lenkabi esitebeleni. Mhlawumbe Kwakuyiyo, kodwa enhliziyweni yakhe wayazi ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaBani.

137 Kungaleyondlela ngalo lonke ikholwa. Niyazi udokotela angahle athi, "O, ungakukholwa lokho kushisekela ngokweqile." Futhi umama wakho angahle akusho, umyeni wakho angahle akusho, umkakho angahle akusho, kodwa uyazi lapho Into ethize izelwe enhliziyweni yakho. UNkulunkulu ukwambulele yona. Ulindele into ethize ukuba yenzeke.

138 "Ungehleli kulelobandla. Awudingi ukungena lapho." Kulungile. Uyoza ngokufanayo nje lapho Into ethize iphakathi lapho. Niyabo? "O, bayisigejane sabagingqiki abangcwele." Lokho akwenzi mehluko ukuthi ubabiza ngani. Kungahle kube yi . . . kungahle . . . imbeleko yabo ingahle ijwayeleke impela—impela, kodwa noma kanjani ngiyazi ukuthi kusongweni kuyo. Ngiyazi ukuthi yini esongwe ngembeleko yePentecostal. Yebo, mnumzane. Ngiyazi sinakho konke kukho, kodwa nokho kukhona uMoya oNgcwele usongwe kulokho, futhi. Kunjalo impela.

139 EYiphethe ngezingalo zakhe *kanje*, wayengenandaba ukuthi bonke abanye. Bonke baqhela. Noma yinini lapho uthola uMoya oNgcwele, uyaphawulwa. Wonke umuntu, bayakuphawula. Bayazi, bayazi. Bathi, "A, ungomunye walabobantu okhuluma ngezilimi; uya kuleloqembu lePentecostal. Deda kuye. Ungammemi ukuba eze ephathini yamakhadi." Ungakhathazeki; unoMoya oNgcwele ubengeke ahambe noma kanjani. Ngakho—ngakho nakho lapho okhona, niyabo? Ya. Ngakho lapho, ngiyabona. Ya.

140 Emva kwesikhashana, siyabona ngalapho; futhi bonke bethi ukugigitheka futhi behleka, niyazi, "Niyabo, nguye lowo. Lowo ngomunye wabo. Khona lapho, niyabo? Lowo nguye." Wayazi; lokho kulungile, wayenaka iNgane yakhe. Wayazi ukuthi Kwakungubani. Kwasho lukhulu kuye kunayo yonke imiphakathi nayo yonke into eyayikhona. Bonke labo ababengakholwa, babengadingekile ukuba bakholwe, kodwa wayezokwazi . . . wayekwazi ayenakho. Yileyondlela esiyiyo. Siyakwazi esinakho. Siyazi ukuthi siyini lesosithembiso.

141 Manje, nangu Usethempelini, okokuqala uNkulunkulu ethempelini laKhe, esimweni somuntu. UNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo. Nangu, lena encane, uJehova-Ngane omncane manje, elele ezingalweni zikamama. LoMfo omncane nje njengabo bonke abanye, kodwa kwakukhona umehluko lapho. Yilowo umehluko, uthi, "Awu,

siya esontweni ngokufanayo nawe," kodwa kunomehluko lapho (Niyabo?), noma nini lapho ufika endaweni efanele, into efanele.

142 Nangu eza endlini. Manje, uma uMoya oNgcwele ukwembulile lokho kuSimeyoni, kukuMoya oNgcwele ukubona ukuthi U—Uyalenza iZwi laKhe.

143 Umdlalo wasesiteji omncane lapha manje: USimeyoni ungale ethempelini, laphaya ekhuleka. Into yokuqala niyazi, kwenzekani na? Lapho efunda lowomBhalo, uMoya oNgcwele uthi, "Sukuma, Simeyoni!"

"Kuphi . . ." hhayi, "Ufuna ngiyephi na? Ufuna ngenzeni na?" Lokho akusiwo umsebenzi; yenza lokho Akutshela khona. Sukuma. Nangu eza.

"Qala ukuhamba."

"Ngiyaphi na?"

"Akwenzi mehluko, qhubeka nje uhambe." Hamba!

Niyakholwa ukuthi amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu na? Lapha baqala ukuhamba.

"Ngiyaphi na?"

"Akwenzi mehluko, qhubeka nje uhambe."

Uyaphuma, babona uSimeyoni omdala ephuma phambi kwezethameli, ubuka konke phansi naphezulu lapho. "Ngiya kuphi—kuphi—kuphi, Baba na?"

"Vele uye ngapha kulomugqa omncane wabesifazane, ezansi ngalapho, amakhulu athi awabe mabili abo."

144 Nangu eza ehla ngqo. "Angazi ukuthi yini indaba na?" Uphethe lomBhalo ogoqwayo, u-Isaya, iNcwadi, umbhalo ogoqwayo, u-Isaya 9:6, unomunwe wakhe kuwo, mhlampe. UMoya oNgcwele wenza izinto ezithize ezixakile. Niyakukholwa lokho, bazalwane na? Izinto ezixakile. Nangu eza ehla. Into yokuqala uyazi ufika khona impela lapho lona wesifazane omncane ayekhona.

145 Manje niyabo, babengenawo amatelevishini ngalezozinsuku, babengenawo umsakazo nabezindaba, umlomo nomlomo nje. Futhi lena yayingakaze iphume, leNgane yazalwa. Niyabo? Nje waye . . . Waye . . . Awu, Wayeyinqaba noma kanjani. Akukho-muntu owayekufake kunoma yiliphi iphepha. Ukuba bekunamhlanje kwenzekile, bebengeke bakufake ephepheni, ngaphandle uma bebefuna ukuhlazisa noma okuthize.

146 Ngakho lapha, wehla, noSimeyoni wama khona lapho phambi kwakhe. Futhi ngenkathi ebuka laphaya . . . Niyabo, kwembulwa kuye nguMoya oNgcwele ukuthi wayengeke abone ukufa aze athole uKristu weNkosi. Futhi yona impela into abantu ababehlekisa ngayo, uMoya oNgcwele wamholela kuyo ngqo. Anikholwa ukuthi Ukuholile lapha kulokhu ukusa

ngendlela efanayo, into efanayo, uMoya oNgcwele ofanayo na? Wamholela khona lapha. Wayebheke ukubona loKristu, futhi lapho wehla; futhi wathi nje angaYibona, waYiqonda.

147 Manje woza kulobubusuku. Woza; hlala phansi nje uma unqikaza, hlala phansi, uzitholele isihlalo. Bhekisisa nje imizuzu embalwa. Ngabe ulindele ukuMbona engena enkundleni kulobubusuku na? Ngimlindele. Niyabo? Niyabo? Ngikulindele. Uzokwenza, uma ukulindele.

148 Futhi wathi nje angaYithola, wathola iNgane, wafinyelela ezingalweni zikamama wayesethatha iNgane, futhi waYisingatha enhliziyweni yakhe uqobo, wayesethi, "Nkosi, manje vumela inceku yaKho imuke ngokuthula, ngokwamaZwi aKho, ngokuba amehlo ami abonile iNsindiso yaKho." O, he! Eholwa nguMoya oNgcwele!

149 Manje, gcinani lamazwi enhliziyweni yenu, futhi niqaphele kulobubusuku ukubona insindiso kaNkulunkulu. Ngizoma emzuzwaneni. Kugcineni lokho engqondweni yenu; makuthi uMoya oNgcwele anihole kulobubusuku ukuba nibone insindiso kaNkulunkulu. Wethembisa ukuthi Uyokwenza ngezinsuku zokugcina. Bona ukuthi Uyakwenza yini. Niyabo? Ulindele, namhlanje yiba nokulindela okukhulu, njengoba enza.

150 Futhi kwakukhona omunye ngalolosuku owayelindele. Ngizomngenisa njengoba nje sivala. Igama lakhe kwakungu-Ana. Wayengumprofethikazi. Wayesethempelini, eyimpumputhe; kodwa wayekwazi ukubona ngaleya kwezindonga zalelothempeli.

151 Ngithemba ukuthi yonke inhlangano ehlukene namhlanje ingabona ngaleya kwezindonga zenhlangano yenu. Kulungile, inhlangano yenu, kodwa nibone ngaleya kwezindonga zayo. Niyabo?

152 Njengo-Ana oyimpumputhe ehlezi lapho, khona manjalo . . . Wayebheke futhi induduzo ka-Israyeli, kodwa wayephuphuthekile. UMoya oNgcwele ufanele ukuthi wathi kuye, "Sukuma, Ana!" Wasukuma. Nangu eza, egwinciza ngendlela yakhe, eholwa nguMoya oNgcwele, ezungeza edabula kubantu. Wakwenza kanjani na? Wayekade ekulindele, noMoya oNgcwele wawumhola; lowo wesifazane omdala oyimpumputhe, umhola edabula kubantu, eza. Nakhu kwakunguSimeyoni, izinyembezi zehla entshebeni yakhe emhlophe njengeqhwa. "Nkosi, vumela inceku yaKho imuke ngokuthula."

153 Ngiyamangala ukuthi isixuku esigigithekayo sacabangani ngaleyonkathi. Niyabo? Kwakuyini lokhu okukhulu okuqhubekayo na? "Awu," bathi, "kukhona u-Ana omdala; uyimpumputhe. Futhi kukhona uSimeyoni; usemdala futhi uthi ukusangana ingxenye ekhanda lakhe."

154 Kodwa babemi endaweni efanele. Akunandaba ukuthi isimo esinjani ababekuso, babemi endaweni efanele. Yilapho engifuna ukuma khona. Nkulunkulu, mangime endaweni efanele!

155 Futhi nangu eza egwinciza ngendlela yakhe edlula lapho. Manje, uma uMoya oNgcwele ubungagwincizisa lowo wesifazane omdala oyimpumputhe azungeze bonke labobantu ukuba afinyelele kuYe, Ubengagwincisiza wena kangakanani kulezi zitaladi kulobubusuku na? Ehla ukuba afinyelele endawaneni lapho esikholwa khona ukuthi Uzophulukisa khona abagulayo, Uzosindisa abalahlekile.

156 Futhi nangu owesifazane eza. Futhi wathi nje angafika lapho, naye wathola indawana, waphakamisa izandla zakhe futhi wabusisa uNkulunkulu futhi wakhuluma ngaYe, futhi wakhuluma nge s-. . . iva elalizoba senhliziyweni kaMariya, kanjalonjalo, futhi waprofetha. Niyabo, wayengumprofethikazi, noMoya kaNkulunkulu wawuphezu kwakhe. Futhi uNkulunkulu wahola lowo wesifazane omdala oyimpumputhe wedlula ezixukwini waze wafika kuleyondawana, ngoba wayeMlindele ukuba afike.

NgiMlindele. Uma ulindele Yena, uNkulunkulu uzohlangabezana nokulindela kwethu.

157 Umculi omkhulu, lapha nje eminyakeni embalwa edlule, waya eRashiya futhi wayedlala isiqalo somdlalo womnyuziki esidlalwa ngopiyano, futhi wayedlala kakhulu impela nje kwaze kwathi abantu baseRashiya babedazuluka ngalo lonke iphimbo labo. Basukuma base bamemeza, futhi bamemeza, futhi bamshayele ihlombe ukuba adlale kanye nje futhi. Futhi ba . . . futhi wama (manje lalelani), futhi bamshay-. . . bamemeza futhi, futhi bagxoba, ukuba aphinde adlale lesi siqalo somdlalo womnyuziki esidlalwa ngopiyano omkhulu.

158 Futhi u—u . . . Bamqaphela umfana. Bathi, "Ufanele ukuthi uyahlanya. Akakunaki ukushaya ihlombe kwethu. Akakunaki. Sizama ukumbiza abuye azodlala futhi." Kodwa baqaphela ukuthi wayemile nje *kanjalo*, egqolozele. Ngakho emva kwesikhashana baphenduka ukuba babuke, wayengakunaki ukushaya ihlombe kwabantu; kodwa uthisha wakhe omdala, umbhidisi ongumpetha womculo omdala, wayehlezi phezulu ezethamelini, wayefuna ukubona ukuthi wayetheni ngakho. Wayefuna ukwazi ukuthi ngabe wayezoshaya ihlombe, noma anqekuzise ikhanda lakhe ukuthi kwakwenziwe kahle. Wayengenandaba ukuthi abantu bathini; wayefuna ukubona ukuthi yena utheni.

159 Futhi uma abantu bekutshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, UJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade, ungaqapheli ukuthi abantu bathini, kodwa bheka phezulu eNkosini Eyaloba iZwi. Gcina amehlo akho ebheke phezulu lapho, uyabo, Akushoyo ngakho. Uma ukuphulukisa

ngokukaNkulunkulu kuqinisile, hlola iZwi laKhe namhlanje, futhi uze ulindele kulobubusuku. Singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje na?

160 Nkosi enomusa, ngiyabonga ngalezizethameli ezincane ezihlezi lapha manje, zilindile. Ngikhulekela ukuthi Uzocwilisa ezinye izimbewu ezinhliziyweni zabo, ukuthi bazoza kulobubusuku namathemba anjalo, izinyonga zize zihambe, izimpumputhe zizobona. Kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu kulobubusuku. Kwangathi yonke inkathazo yenhliziyo ingaphulukiswa, imidlavuza. Futhi kwangathi uMoya waKho ungehla nje, futhi ngisho nasemakhaya abo kulentambama kwangathi bangaphulukiswa ngaphambi kokuba ngisho bafike ebandleni. Silindele, Nkosi, izinto ezinkulu.

161 Ngakho hola abantu ubangenise endlini kaNkulunkulu kulobubusuku; qondisa isoni, lowomfana ophiyazayo, ingane kamama ethandekayo ayisula izinyembezi, futhi nanso ilele phansi ebhareni namhlanje; leyondodakazi ephiyazayo, iphume ubusuku bonke. Kwangathi uMoya oNgcwele ungakhuluma futhi uqondise izinyawo zabo ziye endlini kaNkulunkulu bese-ke beya e-altare kulobubusuku ukuthola uKristu, uMsindisi wabo. Futhi kwangathi thina, njengoSimeyoni wasendulo, ngezingalo zokukholwa, singasingatha iNkosi uJesu eligugu ezinhliziyweni zethu kulobubusuku, futhi yenze inhliziyo yethu ibe ngumbhede wengane. Makuthi isehlakalo sethu naYe sibe njengembeleko ezosenza siphile ngokwehlukile kusukela manje kuqhubeke.

162 Busisa umfowethu omncane umelusi lapha, nalaba abanye abefundisi, futhi noma ubani o—okhona ebandleni, Nkosi, namhlanje, busisa. Ngethemba ukuthi Unika lonke ibandla inkonzo enkulu namhlanje; kwangathi kungaba usuku esingasoze salukhohlwa. Sigcine siqinile manje ukuba siKukhonze. Busisa abantu lapho beya emakhaya abo. Sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

163 Njengoba ngibuyisela inkonzo kumelusi, ngiyaxolisa ukunigcina ngaphezu kwesikhathi. Ngiyazi nihamba ngehora leshumi nambili futhi sekuyikwata lishayile, kodwa lokho kuthi ukube mnene kimi. Ngesinye isikhathi lapho ngithola . . . Angazi ukuthi ngime nini, kuzwakala kumnandi kakhulu. Ngakho ngezinye izikhathi ngiphakathi lapha amahora amabili noma amathathu kanjalo. Ngakho ngi—ngiyakuthanda nje; futhi lapho izethameli eziphendula kahle kanje, ngiza nokulindela kulobubusuku ukuthi uNkulunkulu uzosenzela ezinkulu, izinto ezimangalisayo. Kuze kube ngaleyonkathi, uNkulunkulu abe nani njalo, njengoba ngibuyisela inkonzo kumelusi wenu, futhi ngibonga kakhulu ngokulalela, nonke.

